

IVOTE 6: UMNANGO WEZOKUGCINWA KWAMAFA

ISABELOMALI SOWEZI 2018/19



NKK. BELINDA FRANCIS SCOTT

UNgq. wezeziMali

ISIFUNDAZWE IKWAZULU-NATAL

Inkulumo yeSabelomali kaNkk. B. F. Scott MPL

UNgqongqoshe wezeziMali esiFundazweni

Ethula iSabelomali seVoti 6 eSishayamthetho sesiFundazwe

8 Meyi 2018

ISINGENISO

Somlomo oHloniphekile. Malunga aHloniphekile. Ngishilo kwiNkulumo yeSabelomali yesiFundazwe engayethula kule Ndlu mhlaka 16 Mashi 2018, ngathi izimo zomnotho kuzwelonke nasesifundazweni ziba ngcono nokuthi ukuguquka kweminotho yamazwe esihebelana nawo kuzohlomulisa izwe kanye nalesi siFundazwe. Sengikushilo lokhu, Kepha kufanele siqonde ukuthi isimo somnotho wezwe sisengaphansi kwengcindezi nokwenze ukuthi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke uthathe izinqumo ezinzima uma wethula isabelomali sikazwelonke. Lezi zinqumo zihlanganisa ukukhuphuka kwentela iVAT nge 1%, kanjalo nokuqhubeka nohlelo lokuhlela kabusha izimali. IKwaZulu-Natal incishiselwe isabelomali sayo iminyaka emihlanu edlule, kanti nangonyakamali wezi 2018/19 kube yiso lesi. Ukuncishiswa kwesabelomali kwenzeke ngezindlela ezimbili, ngokuhlela kabusha izimali, kanye nangendlela esetshenziswayo yokubala imali uma kubalwa izabelo. Kolunye uhlangothi, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke wengeze ezinye izimali esikhwameni sesifundazwe ukubhekana nezinhlelo ezibekwe phambili lwezokuThuthukisa uMphakathi, kanjalo nezimali ezisonyakeni olandelayo ezibhekene nesivumelwano sokwenyuswa kwamaholo esingaphezulu kwesabelomali. Nakuba ukuncishiswa kwezimali ngowezi 2019/20 kanye nowezi 2020/21 kuhlinzekelwe ngemali evela kwisiKhwama esibhekelele izimo eziPhuthumayo, ukuncishiswa kwesabelo sowezi 2018/19 kusazokwenziwa kuwo wonke amaVoti (iminyango kahulumeni) uma sengethula iSabelo esiBuyekeziwe kule Ndlu ngasekupheleni kwalo nyaka, njengokunquma kwe*Lekgotla* yezeziMali eyayingoFebhuwari 2018.

Ngethula isabelomali sikaVoti 6: uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni ngaphansi kwalezi zimo. Ukuncishiswa kwesabelomali soMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni okuzokwenziwa ngeSabelomali esiBuyekeziwe kowezi 2018/19 sizoba izi R2.856 million, kanti umphumela walokhu uzochazwa uma sengethula iSabelomali esiBuyekeziwe ngoNovemba 2018. Ngaphandle kwalokhu kuncishiswa kwesabelomali, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa wesiFundazwe uthola izi R6.886 million zokubhekana nemali yokukhokhela isivumelwano samaholo esingaphezulu kwesabelomali ngowezi 2020/21.

Nakuba kunokuncishiswa kwesabelomali, mina nethimba lami sinquma ukuqhubeka nokuhlinzeka izidingo kangangokuqonda kwethu. Kunesidingo esikhulukazi futhi esikhulayo salezi zidingo ezindaweni ezehlukene, okubalwa kuzo ukulekelela ngengqalasizinda, ezokuphathwa kwezimali, ezokuphenya, ezokuphathwa kwezimali komasipala, ezohlelo lokuthenga izimpahla nokuhlinzeka imisebenzi kahulumeni, ukubala okumbalwa. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni ufuna ukwenza okufanele, ngendlela esezingeni eliphakeme.

UMthetho oLawula ukuPhathwa kweziMali zikaHulumeni (iPFMA) uzoqhubeka ukuba umkhombandlela osilawulayo lapho sihlizeka esizibekela khona futhi sizoqhubeka nokuphokophela *“ekubeni isizinda sokuphathwa kahle kwezimali ezweni.”*

Kwisabelomali engisethulayo namhlanje seVoti 6: uMnyango weSabelomali esiFundazweni, kuhlinzekelwe ukuthi siqhubeke nokuqapha ukusetshenziswa kwezimali iminyango nezikhungo zikahulumeni, kanti futhi singakhohlwa ukubaluleka kokuphathwa kwemali. Ingxenywe eningi yesabelomali soMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kunyakamali wezi 2018/19 izosetshenziswa kwezokuphathwa kwezimali futhi kuhlanganisa ukuqapha nokulekela kokuhlelwa nokusetshenziswa kwezabelomali zeminyango kahulumeni, omasipala kanye nezikhungo zikahulumeni, kanjalo nezokucutshungulwa kwamabhuku kwangaphakathi, ezokuthengwa kwempahla nemisebenzi kahulumeni, nezokulekelela izinhlelo zezezimali.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uzohlala usebenzisana eduze neminyango kahulumeni, izikhungo zikahulumeni kanye nomasipala ukuze uphucule isimo sabo sokubika ngezezimali kanye nokubika ngokusebenza, kanjalo nokuqhubeka nezinhlelo zokuthuthukisa abasebenzi ukuze baqeqeshelwe amakhono okuphathwa kwezimali. Uhlelo lwezezimali olusebenzisa izithupha olubizwa ngo-BAS luzokwenziwa ngcono ukuze kuphuculwe izindlela zokubika kanye nezokuphepha. Ukubhalwa kwemibiko yengcuphe kuzogxila ekuphatheni okuhle, kanti kuzoqhutshekwa kugxilwe emibikweni yakwa-IT ezohlanganisa ubuthaka bobuxhakaxhaka, ukugunyazwa bobuchwepheshe, kanye nokusetshenziswa kwemali kwi-IT.

Akukho esingakwenza kulokhu sisodwa. Sithembele ekubambisaneni neminyango kahulumeni, izikhungo zikahulumeni kanye nomasipala. Nakuba uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uzosiza lapho uzokwazi khona, akufanele sikhohlwe yilokho okufanele kwenziwe yizikhulu abagunyazwe iPFMA.

Umsebenzi wokuqapha owenziwa uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ubaluleke kakhulu, futhi ube impumelelo enkulu kulesi sifundazwe, njengoba kubonakala ngokuba nemali ebhange kusukela ngowezi 2010 nokuthi kudingeke ukuthi kwenziwe izinhlelo zokuphuma kwisabelomali sesifundazwe ezingaphansi kwe 1% eminyakeni eyi 6

eyedlule, ukukhishwa kwemibiko yezimali engcono eminyangweni kahulumeni kanye nasezikhungweni zikahulumeni, ukubala okumbalwa.

Ngizophinda ngisho engike ngakusho phambilini – lesi sifundazwe sinenhlanhla ngokuba noMnyango wezokuGcinwa kwaMafa oqinile osebenza ngokuzikhandla ngaphandle kokukhalaza uma isimo siba nzima. Awuphumuli futhi awuvumeli lutho ezothunaza umsebenzi wawo. Nginikeza ubuholi obuqotho kwiqembu lami eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa. Sizozhubeka silekelele kuzo zonke izindawo zokulawulwa kwezimali. Kusengumsebenzi wethu ukuhlonza izindawo lapho kwepfulwe khona iPFMA noma lapho kungalandelwanga khona imigomo evimba ukuchithakala kwemali kahulumeni.

UKUZIBOPHEZELA KOMNYANGO WEZOKUGCINWA KWAMAFA

Sizophinda sigxile kulokhu okulandelayo kunyakamali wezi 2018/19:

1. Sizozinisa izinhlelo zangaphakathi zokusebenza eziqondene nokubhalwa kwemibiko yezimali eminyangweni kahulumeni, komasipala kanye nasezikhungweni zikahulumeni, ngesikhathi siqinisekisa ukuthi izinhlelo zokuphucula imibiko yezimali esikhathini eside kuba impumelelo;
2. Ukuthatha izinyathelo ezinemiphumela ebonakalayo ukuqeda ukukhwabanisa nenkohlakalo kahulumeni;
3. Ukuqinisekisa ukusebenza ngendlela esobala ezinhlelweni zokuthenga izimpahla nemisebenzi kahulumeni. Ukuqxilisa uhlelo olunzulu lokuqinisekisa ukuthi abantu abamnyama baba ingxenye enkulu yezomnotho (i-Broad-Based Economic Empowerment) kusetshenziswa imigomo yezokuthenga kahulumeni;
4. Ukuqinisekisa ukuthi kusetshenziswa sonke isabelomali (kuyo yonke iminyango kahulumeni) kulandelwa imigomo yonyaka yokuqapha ukusetshenziswa kwemali nokuphathwa kwayo ngendlela ephusile;
5. Ukugcina isimo sokuba nokheshi ebhange;
6. Siqinise ukulekelelwa komasipala kanye nezikhungo zikahulumeni ukuqinisekisa ukuphathwa kahle kwezimali zikahulumeni; kanye
7. Ukwelekelela iminyango kahulumeni, izikhungo zikahulumeni kanye nomasipala ukuxazulula izingqinamba ezimise imisebenzi yokuthuthukisa ingqalasizinda.

SinguMnyango wezokuGcinwa kwaMafa sifuna ukuqinisa ubudlelwano phakathi kwethu nabo bonke oNgqongqoshe esifundazweni, iminyango yabo kanye nezikhungo zikahulumeni. Ngokusebenzisana noNdunankulu, kanye noCoGTA, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzosebenza ngokuzikhandla wakha ubudlelwane obuqinile nabo bonke omasipala. Lobu budlelwano kuzodingeka bakhelwe phezulu kwesisekelo

sokwethembana nokubonisana nokwesekana. Sidinga sonke ukusebenzisana njengabalingani ekugqugquzeleni ukuphatha okuhle nokuhlinzekwa kwezidingo okuvumelekile.

UMUMO WENGENISOMALI LOMNYANGO, UXHASOMALI KANYE NOKUSETSHE- NZISWA KWEMALI NGOKOHLELO

Ngizokhuluma ngqo ngokuqoqwa kwezimali uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa, uxhasomali olutholwe umnyango, kanye nezinjongo zokuhlinzekwa kwezidingo kanye nokuhlinzekwa kwemali ohlelweni ngalunye lomnyango kulo nyaka ophezulu. Imininingwane ephelele iqukethwe ngaphansi kweVoti 6 we-*Estimates of the Provincial Revenue and Expenditure* (EPRE) kanye noHlelo lwamiNyakayonke lokuSebenza komnyango.

Isamba semali etholwe umnyango senyukile ngezi R43 million sisuka kwizi R607.8 million ngowezi 2017/18 saya kwizi R650.9 million kowezi 2018/19. Lokhu ukunyuka ngama 7% kuhambisana ikakhulukazi nokukhuphuka kwemali yophiko lwangaphakathi lwezokucwaninga amabhuku, kanjalo nemali eyabelwe uhlelo lokwelekelela ophikweni lwezokuthenga impahla nemisebenzi eMnyangweni wezeMpilo.

INGENISOMALI

IMali eqoqwe umnyango – izi R296.056 million (yenyukile isuka kwezi R217 million ngowezi 2017/17): yenyuke ngama 36%

Ingxenye enkulu yengenisomali yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni ivela kwinzalo yemali egcinwe kuma-akhawunti ebhange. Le ngenisomali ivela ikakhulukazi isiKhwama seNgenisomali yesiFundazwe esihlala sinemali zinsukuzonke kwi-akhawunti i-Inter-governmental Cash Co-ordinating (i-IGCC) eseBhangengodla (Reserve Bank). Ukuqinisekisa ukuthola inzalo eningi, ukuthi imali ikhishwa kuphela uma kunesidingo, futhi imali engezukusetshenziswa kuma-akhawunti omnyango iyabanjwa. Ukwenza ngcono kakhulu ekuqoqweni kwemali kulo mkhakha eminyakeni embalwa edlule kwenziwe ukuthi iminyango kahulumeni esifundazweni ilandele uhlelo lokusebenzisa imali ngokwamabinza (cash blocking) kanye nokulandela imigomo yokunciphisa izindleko.

UXHASOMALI

IGlobal Fund inikele izi R420 million phakathi kowezi 2016/17 nowezi 2018/19

Emkhankasweni wokuLwa neNgculazi, isifo soFuba, uMalaleveva, iGlobal Fund ixhasa

ngezimali izikhungo ezakhiwe kusukela ngowezi 2002 ukwenyusa izinsizakusebenza zokulwisana nalezi zifo ezintathu, iSandulelangculazi neNgculazi, isifo soFuba kanye noMalaleveva. Le nhlangano izinze eGeneva, Switzerland, kanti yona ayizenzeli umsebenzi, kodwa ifaka imali emazweni bese kuthi lawomazwe asebenze ngokubambisana kuhlangukisa uhulumeni nezinhlangano ezizimele ezakhiwe iCountry Co-ordinating Mechanism, (iCCM), iPrincipal Recipient, kanye namaSub-recipients kube yizona ezenza umzebenzi.

IGlobal Fund ivume isicelo seCCM yaseNingizimu Afrika sokuthi kuxhaswe umkhankaso wokulwa neHIV/Aids ngaphansi kohlelo layo lokuxhasa olusha. KwaZulu-Natal, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa yiwo ozohlomula kulesi sibonelelo. Imali ezotholakala eminyakeni emithathu ibalelwa kwizi R420 million.

Kulo nyaka wezi 2018/19, lolu hlelo luzogxila ezinhlelweni zokuvikela intsha esezikoleni nesiphumile khona, okubalwa kulo iCash Plus Care (eKing Cetshwayo District) kanye nezinhlelo zokuvikela labo ababuthaka nabasengozini yokusuleleka ngegcwane lesandulelangculazi (eziFundeni eThekwini, eMgungundlovu, Amajuba, uThukela, kanye nakwiLembe).

IZINHLELO EZISEBENZISA IMALI

UHlelo 1: Ezokuphatha – izi R192.377 million (ikhuphuke ngezi R174.080 million ngowezi 2018/19)

Lokhu kwenyuka ngo10% kwesabelo kubangelwa imali efakwe ukuze uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ungenelele uzolekelela ophikweni lwezokuthenga izimpahla namisebenzi yoMnyango wezeMpilo. IsiGungu esiPhezulu sesiFundazwe sathatha isinqumo ngoMeyi 2017 sokuthi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa usebenzise uSection 18(2) (g) ukulekelela uMnyango wezeMpilo. Lesi sabelo sifakwe ngaphansi koHlelo lezokuPhatha ngaphansi kweHhovisi leNhloko yoMnyango.

Lolu hlelo lubhekelele imisebenzi yezokuphatha esigabeni esiphezulu emnyangweni, okubalwa kuso ezokuphatha jikelele kanye nezemisebenzi yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa. Lapha kubalwa iHhovisi likaNgqongqoshe, eleNhloko yoMnyango, elikaMphathi wezeziMali oMkhulu, nezemiSebenzi yoMnyango, okubalwa kuyo uphiko lukaNdabazabantu.

U-Operation Sukuma Sakhe (OSS)

ISigungu esiPhezulu sesiFundazwe sisungule uhlelo i-Operation Sukuma Sakhe (OSS) ukulekelela izinhlelo ezikhona zeminyango kahulumeni zokuhlinzeka izidingo kubantu. Lokhu kuqonde ukwenza ngcono izinhlelo zokuhlinzeka izidingo bese kususwa nezihibe

ezivimbela ukuthi abantu nemiphakathi ukuthi bathole izidingo kuhulumeni. Lolu hlelo luphinde lusheshise imizamo kahulumeni yokuqeda ububha bese kuliwa nezinhlupho emiphakathini.

Uhlaka luka-OSS lubeka oNgqongqoshe babe ngabaHoli bezepolitiki babhekelele iziFunda bese luphinde lutshale iziNhloko zeminyango ezifundeni ezehlukene. Kulokhu, mina ngibhekelele isiFunda uMgungundlovu kanti eyami iNhloko yoMnyango itshalwe eThekwini Metro.

IsiGungu esiPhezulu sesiFundazwe siba nemicimbi ye-OSS njalo ngenyanga. Le micimbi ihlelwa ihhovisi likaNdunankulu, kusetshenziswa uhlelo lokuthi imicimbi ibanjelwe kuzo zonke izifunda KwaZulu-Natal, ngokushintshana.

Ukuya emphakathini nokwelekelela umphakathi

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uyalela imiNyango yezokuGcinwa kwaMafa ukuthi ibe nokuxoxisana phakathi kukahulumeni nomphakathi ngezindaba zokuhlinzekwa kwezidingo. Ngesikhathi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uhlinzeka ngolwazi, uphinde ukhulumisane nomphakathi kanye nalabo ababambe iqhaza emphakathini ukuqinisekisa ukuthi kunengxoxo eya nhlangothi zonke yokucobelelana ngemibono.

Lo mnyango ukhethe ukusebenzisa indlela eyehlukile yokubamba imicimbi emphakathini. Esikhundleni sokubamba imicimbi emikhulu, umnyango uhlonza izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni kanye noma lezo ezingenzi inzuzo ezisebenza emphakathini ukuthuthukisa bese zenza ngcono izimpilo zabantu. Isiqubulo soMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni singukwenza umehluko ngokuhlinzeka usizo oluphathekayo ukuze kutholakale izidingo. UMnyango unabasebenzi abazimisele kanye noPhiko lwezokuXhumana olukwaziyo ukwenza lokhu ngendlela.

Bobabili uNgqongqoshe neNhloko yoMnyango banezinhlelo zokuya kolekelela umphakathi, okubalwa kuzo:

- Ukunikela ngomfaniswano wesikole, amakhompyutha asebenzile kanye nezinye izinsiza kubafundi abaswele abahlonzwe kuma-war rooms;
- Ukulekelela ezindaweni ezikhahlamezwe isomiso ngokuhlinzeka amathangi amanzi ezikoleni (lokhu kubandakanya ukufakelwa kwamathangi nokuxhunywa kwamapayipi amanzi, nokugumba kwakhiwe iziphethu zamanzi nokufakelwa kogadasi);
- Ukunxenxa ukuthi abezamabhezini baxhase ukuthuthukiswa kwengqalasisinda yezikole nokulungiswa kwazo; bese

- Sisebenzisana noMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukulekelela izinhlangano ezibhaliswe ngokusemthethweni ezingekho ngaphansi kukahulumeni, ezisiza izintandane kanye nabadala.

Ngokusebenzisa uphiko i-Inter-governmental Relations Unit (IGR), iHhovisi leNhloko yoMnyango liyaqhubeka nokuba ishoshozela eliqhuba izinhlelo zoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kaZwelonke noLocal Government SETA zokuthi kugcinwe amazanga alindelekile okuphathwa kahle kwezimali komasipala esifundazweni, sibala:

Umtheshwana wamazanga alindelekile

Lolu hlelo luqonde ukuthi kufezekiswe isiGaba 83, 107, kanye ne 119 soMthetho oLawula ukuPhathwa kweziMali koMasipala esithi, phakathi kokunye, **“izikhulu eziphezulu, izikhulu, izikhulu eziphezulu eziphethe izimali kanye nezinye izisebenzi kwezizimali kumasipala makube ziqeqeshekile zafinyelela emazingeni akaliwe kwezokuphathwa kwezimali.”**

Lolu hlelo luqonde ukwenza ngcono izinga lokwazi ukuphathwa kwezimali kanye namazinga abaPhathi boMasipala, iziKhulu eziPhezulu eziPhethe iziMali kanye neziKhulu eziPhethe uPhiko lokuThenga iziMpahla nemiSebenzi kahulumeni ukukhuphula amathuba okuthola imibiko yokucwaningwa kwamabhuku emihle komasipala.

UHlelo lwezokuQeqesha kwezeziMali zoMasipala

UHlelo luqonde ukuqeqesha labo abaqashelwe ukufunda umsebenzi komasipala ezimpikweni ezibhekelele ukuhlela nokuphatha, ukwenza isabelo sikamasipala, ezokuthenga izimpahla nemisebenzi kahulumeni nezezimali ukuthuthukisa ulwazi labo ukuze benze ukusebenza kukamasipala kube sezingeni eliphezulu, kwakheke nedlanzi labantu okungakhethwa kubo uma kuvuleka izikhala zomsebenzi komasipala.

Lolu hlelo lulungisa isimo lapho kungekho muntu olungele futhi onolwazi lomsebenzi okuyinto ebhekene nomasipala abathize ezindaweni zasemkhaya, okwenza ukuthi izikhala zemisebenzi ezibalulekile zisale zingenabantu noma zithathwe ngabantu abangakazilungeli.

UHlelo lweNtsha

Lolu hlelo luzinze eHhovisi lukaNdunankulu kanti luxhumana noMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ngo-IGR. Luzama ukuqondanisa futhi luhlanganise imisebenzi yeminyango ukuze kuthuthukiswe intsha esifundazweni ngokuqinisekisa ukuthi intsha ibamba iqhaza kulokho okwenziwa uhulumeni, nokuphelela esithangamini sePhalamende leNtsha nasekufezekisweni kwezinqumo zalo.

Isifundazwe sesilandela uhlelo olunzulu oluhlanganisa iminyango kahulumeni noluyimpendulo ezidingweni zabantu kubhekelelwa ezenhlalo kanye nezomnotho eKZN. Luhambisana nemigomongqangi kazwelonke neyesifundazwe namasu alawula uhulumeni nasebenzisana nabo emphakathini ukuthi baqondise izinhlelo zabo ngendlela. I-IGR iba ingxenye yethimba lesifundazwe elihlela, lihlanganise bese liqapha izinhlelo ezingezokungenelela kuthuthukiswe intsha, bese kusetshenziswanwa neHhovisi likaNdunankulu ukubika ngenqubekela phambili esifundazweni.

Ukwandisa idlanzi labasebenzi abanolwazi kwezezimali kuHulumeni wesiFundazwe iKZN.

Zimbili izinto ezenziwe uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni ukuthuthukisa idlanzi labasebenzi abanolwazi lwezezimali esifundazweni:

- UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uthole igunya kwiSouth African Institute of Chartered Accountants (SAICA) ukuba isizinda sokuqeqesha. NgoJanwari 2018, lo mnyango wamukela abafundi abathathu abaqeqeshelwa ukuba ama-chartered accountants, okusho ukuthi sebeyisishiyagalombili abafundi abaqeqeshelwa ukuba ama-chartered accountants kulo mnyango. Lolu hlelo luyimpendulo kumyalelo kaMongameli wokuthi kuthuthukiswe izinga lokusebenza kukahulumeni kwandiswe nedlanzi labasebenzi bezezimali ezweni. Ngalokhu, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzoqinisa ukukwazi kweminyango kahulumeni nomasipala ukuphatha kahle izimali zabo.
- UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni usebenzise iThuthuka Bursary Fund ukutshala imali kubafundi abaqeqeshelwa ezokuphathwa kwezimali ukuze babe ngama-CA. Bangama 79 abafundi abakhokhelwa umnyango. Bonke laba bafundi bavela ezifundeni zomasipala ezehlukene eKZN, nokulindeleke ukuthi basebenze ngaphansi kwesifundazwe uma bephothula izifundo zabo. Bazongena ohlelweni olubalulwe ngenhla.

Uhlelo 2: ukuPhathwa ngeNdlela kweziNsiza – izi R40.657 million (inyuke kancane isuka kwizi R38.875 million ngowezi 2017/18)

Ushintsho olukhulu kulolu hlelo uma uqhathanisa nezabelomali ezedlule ukuthi uhlelo lezokuPhathwa kweziMali koMasipala, olwaluwuhlelo oluncane ngaphansi koHlelo 2, lususiwe, lwazimela lodwa kusukela ngowezi 2018.19 kuya phambili. Imisebenzi eyenziwa ngaphansi kophiko lokuPhathwa kweziMali koMasipala idingidwa kabanzi ngaphansi koHlelo 5: ukuPhathwa kweziMali koMasipala.

Umsebenzi woHlelo 2 ukuphathwa nokuqapha ezezimali kanye nokwenziwa kwesabelomali. Sizothubeka nokuqinisekisa uzinzo kwezezimali esifundazweni ngokuqapha eduze ingenisomali nokusetshenziswa kwemali eminyangweni kahulumeni ukuze siqinisekise ukuthi kusetshenziswa imali njengoba yabiwe.

IMali yoMphakathi – Lolu phiko luphethe sonke isabelomali sesifundazwe futhi luqinisekise ukuthi iKwaZulu-Natal isebenzisa kuphela isabelomali esigunyaziwe. Lo msebenzi wokuqapha wenziwa eminyangweni kahulumeni kanye nezikhungo zikahulumeni ezingaphansi kwayo. Akuwona umsebenzi olula lona futhi udinga kuhlale kunokubonisana njalo nayo yonke iminyango kahulumeni kanye nezikhungo zikahulumeni. Kudingeka kube khona ukusebenzisana nazo zonke iziKhulu eziPhezulu kanye neziKhulu eziPhezulu eziPhethe iziMali esifundazweni. Sisazibophezele ekuqinisekiseni ukuthi abantu baKwaZulu-Natal bahlinzekwe ngezidingo zabo, ngakho-ke siyaqhubeka nokuvikela izinhlelo zikahulumeni eziseqhulwini kangangokusemandleni ethu, ukuze singaphunyukwa umbono wethu wokuhlinzeka impilo engcono kubantu bonke.

Izindlela zikahulumeni zokunciphisa izindleko zisaqhubeka futhi kumele zilandelwe iminyango yonke kanye nezikhungo zikahulumeni. Imiyalelo yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ngokunciphiswa kwezindleko kumele nayo ilandelwe kulesi sifundazwe. Yonke imali (noma ngabe incane kangakanani) eyongiwe iyasisiza ukuvikela ukukhokhelwa kokuhlinzekwa kwezidingo kulesi sikhathi sokuhlelwa kabusha kwezimali. Ukusebenzisa kahle izimali kwethu kusizile esikhathini esiphambili, kuzophinde kusizise njengoba kuncishiswe izabelomali, kusenze sikwazi ukugxila ezinhlelweni zethu ezibalulekile. Angiphinde ngisho ukuthi izindlela zokunciphisa izindleko zingumthwalo wethu sonke njengoba kungezona nje zoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa nje kuphela. Sonke simelwe ukudlala indima yethu.

Uphiko lwezokuphathwa kweMali yoMphakathi luzothubeka nokubonisana noMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, kuqinisekise ukuthi isifundazwe sithola isabelo saso ezimalini ezivela kuzwelonke. Kulokhu sibala ukubuyekezwa kwendlela yokubala isabelomali esihlinzekwa izifundazwe.

Uphiko lwezengqalasizinda kanye nokuCutshungulwa koMnotho – Emizamweni yethu yokuqinisekisa ukuthi kusebenza kahle imali yethu, uphiko lwezengqalasizinda luzothubeka nokulekelela iminyango kahulumeni ngokuhlela, ukwenza isabelomali nokuqalisa izinhlelo zenqalasizinda. Sizothubeka nokulekelela iminyango kahulumeni ukuthi iqalise uhlelo iStandard for Infrastructure Procurement and Delivery Management (SIPDM). Kulo nyaka wezimali, kuzohlenganiswa ithimba elisha longoti

kwezokuthuthukiswa kwengqalasizinda ngokujwayelekile elibizwa nge “Infrastructure Crack Team” elizoqhubeka lilekelele omasipala, iminyango kahulumeni kanye nezikhungo zikahulumeni ukuxazulula izingqinamba ezivimba ukuthuthukiswa kwengqalasizinda bese kusetshenziswa ngokushesha imali yokuthuthukiswa kwengqalasizinda.

I-Estimates of Capital Expenditure (ECE) engiyethule nesabelomali sesifundazwe ngoMashi kulo nyaka iveza uhlu lwemisebenzi yengqalasizinda ngomnyango kahulumeni ezokwenziwa kulo nyaka wezimali. Lona umqulu obalulekile ukuqinisekisa ukuhlelela imisebenzi yengqalasizinda, uphinde uqinise ukusebenza kwale Ndlu uma idlala indima yayo yokuqapha ukuhlinzekwa kwengqalasizinda esifundazweni. Lo mqulu uphinde ukhombise imisebenzi yengqalasizinda ngokwezifunda nokukhombisa ukuzibophezela kukahulumeni ekuhlinzekeni ngengqalasizinda kuzo zonke izindawo esifundazweni sethu.

Uhlelo 3: ukuLawulwa kweziMali – izi R209.602 million (yehlile isuka kwizi R213.820 million ngowezi 2017/18)

Ukwehla okuncane kulolu hlelo kubangelwa ukususwa kwemisebenzi ethize yakwa-IT yayofakwa ngaphansi koHlelo 1.

Inhlosongqangi yalolu hlelo ukuqinisekisa ukuthi zonke izindlela zokulawulwa kwezimali ezisetshenziswa esifundazweni zenza kubengcono futhi kulawulwe kahle izinsizakusebenza zesifundazwe. Ukukhishwa nokulandelelwa ukuthi kugcinwe futhi kwenziwe imiyalelo yesifundazwe namazinga okusebenza alindelekile kubalulekile ukukhombisa ukuvuleleka nokuphathwa kwezimali okuphusile.

Uhlelo oluncane lokuphathwa kwezimali olubizwa nge-**Supporting and Interlinked Financial Systems** luyaqhubeka nokwelekelela izinhlelo zesifundazwe zokuphathwa kwezimali. Lolu hlelo, ngokusebenzisana ne-State Information Technology Agency (SITA) sebenze ngcono ingqalasizinda ye-Biometric Access Control System (BACS) ukuze bahambisane namazinga amasha adingekayo ukuvikela ulwazi. Lokhu kwenza ngcono kuzoqinisekisa ukuthi ulwazi oluqokethwe iloluhlelo luhambisana namazinga adingakalayo iminyaka eyi 10 futhi kuqinisekise ukuthi lolu hlelo olukhona luzoqhubeka ukuhlinzeka ukuvikeleka kolwazi olusohlelweni iBAS kanye noPersal.

Ithimba elilawula izinhlelo ezincane **zokuBika ngezeziMali, ezokuThenga iziMpahla nemiSebenzi kaHulumeni** kanye **nezamaZinga avumelekile okusebenza (Norms and**

Standards), azothatha izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi kungenelelwa kusenesikhathi ukugwema imibiko emibi yokucwaningwa kwamabhuku, ukusetshenziswa kwezimali okungafanele nokumoshwa kwemali.

Uphiko lwezokuphatha i-**Accounting Services** luzoqhubeka nokulekelela omasipala ukuqalisa imitheshwana iMunicipal Regulations on Standard Chart of Accounts (mSCOA).

Ngonyakamali wezi 2017/18, kube nombhidlango onzulu wokuqeqesha nokulekelela abasebenzi komasipala abenza izabelomali, abezokubika, abezinhlelo ze-IT, ezokubusa nokukhokhwa kwemali, beqeqeshelwa ukuze bakwazi ukuze balandele lemi theshwana. Kulo nyakamali wezi 2018/19 kuzogxilwa ekulekeleleni omasipala nezikhungo zikahulumeni ekukhipheni imibiko yezezimali ethembekile kanye nezabelomali ngokulawula kwe-mSCOA.

Uphiko **lokuBika ngezeziMali** luzolekelela iminyango kahulumeni kanye nezikhungo zikahulumeni ukulungiselela nokubuyekeza imibiko yezimali yesikhashana neyokugcina, ukuphathwa kwezikweletu zikahulumeni, umkhankaso wokukhokha ngesikhathi nezokuphathwa kwezinsizakusebenza.

Ukuthola umbiko ongenagcobho wesikhombisa iminyaka ilandelana kukaVoti 6 kanye nesiKhwama seNgenisomali esiFundazweni kungubufakazi bokuzibophezela kwethu nokuhamba phezulu komgomo wokuphatha kahle izimali.

Uphiko lwesifundazwe lwezokuThengwa kweMpahla nemiSebenzi kahulumeni seluqedile ukudweba uhlaka lwesibili lomgomo wokuhlela kabusha umnotho i-Radical Economic Transformation kanti izocela ukugunyazwa uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke.

Lolu phiko seluphothule ngempumelelo ukufaka uhlelo lokuPhatha iziNkontileka komasipala, kanti njengamanje lusaqaphile ukuthi ngabe lulandelwa kahle yini. Lolu phiko luphinde lufake izindlela zokusebenza ezizonciphisa amacala ahlobene nokusebenzisa imali ngendlela engafanele ophikweni lwezokuthenga impahla nemisebenzi kahulumeni eminyangweni kahulumeni nakomasipala. Sizozala umkhankaso wokuqinisekisa ukuphathwa kwezinkontileka ngendlela eminyangweni kahulumeni, lapho sizozala khona ngeminyango e 4 emikhulukazi kahulumeni, eseyithole imibiko yezimali emibi.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzoqhubeka uhlinzeke ngosizo olubanzi mayelana nezokuthenga impahla nemisebenzi kahulumeni, iminyango kahulumeni, omasipala nezikhungo zikahulumeni abanengcindezi yezezimali ezinhlelweni zezokuthenga.

Usizo luzohlinzekwa ngokuthumela abasebenzi abazolekelela, abazofike bahlonze lapho kunezinkinga khona bese belungisa ukuze kutholakale isixazululo ohlelweni lwezokuthenga.

Uphiko lwezokusebenzisana phakathi kukahulumeni nabezamabhizinisi **iPublic Private Partnerships (PPP)** luzoqhubeka nokulungisa ukungabikho kwamakhono eminyangweni kahulumeni nakomasipala ekuhlonzeni bese bazilawulele imisebenzi ye-PPP. Kokubili ukuBuyekezwa kweNkontileka neSu lokuPhuma kwinkontileka kwe-Inkosi Albert Luthuli Central Hospital (IALCH) sekuphuthuliwe, kanti lolu phiko selulekelela uMnyango wezeMpilo ekusebenza ngokwezincwadi zemibiko yomibili. Uphiko luzoqhubeka nemikhankaso layo enzulu nokulekelela osomabhizinisi abasathuthuka ukuthi babe Nolwazi lokungena emkhakheni wezengqalasisizinda esifundazweni ukuze laba osomabhizinisi babambe iqhaza emisebenzini ekulo mkhakha. Lolu phiko luzoqhubeka futhi lulekelele uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi ukuthi wenze umsebenzi wokwakha isiyingi seminyango kahulumeni wesifundazwe.

Uhlelo 4: EzokuCutshungulwa kwamabhuku kwangaPhakathi – izi R144.555 million (yenyukile isuka kwizi R123.888 million ngowezi 2017/18)

Ukwenyukwa kwale mali nge 17% kwenziwe ukulungisa into ebeyenzeka esikhathini esiphambili yokuthi kufakwe imali encane kulolu phiko. Lokhu kwenyuka kwenziwe emva kokucubungula uhlelo oselugunyaziwe lweminyaka emithathu lwezokucwaninga amabhuku esifundazweni lapho imali yalo izothathwa khona kwisabelomali sikaVoti 6 ngokuhlela kabusha izinhlelo zawo.

Assurance Services

Uphiko luhlala luthola izicelo eziyisipesheli zokucubungula amabhuku. Lokhu kwengeza phezulu komsebenzi osugunyaziwe wokucubungula ingcuphe osuhlonziwe ngokwengcuphe etholakale eminyangweni kahulumeni. Ngenxa yalokhu, kudingakale ukuthi kubhekwe ukuthi kusetshenziswe abeluleki kwezinye izindawo, nokuyinto efaka ingcindezi emalini encane yalolu phiko ngowezi 2017/18. Lokhu kuholele ekutheni kuthathwe isinqumo sokuthi kuqedwe ukwelekelela zonke izikhungo zikahulumeni ukuze sehlise le ngcindezi. Nakuba sekunjalo, usizo lobungoti lusahlinzekwa ezikhungweni zikahulumeni esezithintekile kodwa lapho abeluleki besetshenziswe khona, izindleko zikhokhwa izikhungo.

Uphiko lukwazile ukuqeda imisebenzi engama 223 yokucwaninga ngonyakamali wezi 2017/18. Konyakamali wezi 2018/19 lolu phiko luzogxila ekucwaningeni imisebenzi yeminyango ehlonzwe yabekwa phezulu ohlwini okudingeka zibhekwe kanye neminye imisebenzi okubalwa kuyo ukukhokhelwa kwemisebenzi, ukuphathwa kwezinsizakusebenza, ezokuthengwa kwempahla nemisebenzi kahulumeni, sibala

nokuphathwa kwezinkontileka, ulwazi lokusebenza kanye nezikandabazabantu. Ngaphezulu kwalokho, kuzokwenziwa ukucwaninga okuyisipesheli kwe-IT, ukucwaninga ukusebenza kanye nezezimali eminyangweni yonke, njengokohlelo lonyaka lokusebenza olugunyaziwe iKomidi lesiFundazwe lokuCwaninga neNgcuphe, kusetshenziswa isabelomali esihlinzekiwe. Izinhlelo zokucwaninga zowezi 2018/19 zenziwa emva kokubonisana neziKhulu eziPhethe, uMcwani-Mabhuku, kanye neKomidi lesiFundazwe lokuCwaninga neNgcuphe. Sidinga zonke iziKhulu eziPhezulu ukuthi zifunde izincomo ezivela kule mibiko bese zenza njengoba ziyalela.

Ngaphezulu kwalokho, uphiko luzogxila ekuqaliseni umgomo wesifundazwe wezokucwaninga amabhuku osanda kwenziwa ukuqinisekisa ukuthi kwenziwe izinhlelo zethu ngokufana. Okunye okuhleliwe ngowezi 2018/19 kubalwa kukho izinhlelo zokuya kubantu beyokwaziswa ngemiqule yokucwaninga kwamabhuku kwangaphakathi kanye nowekomidi lecokucwaninga amabhuku.

Izindleko zokusabalalisa umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi zingaba nkulu kakhulu. Lezi zindleko zingahlanganisa izindleko zefenisha, imishini yokusebenza, izinhlelo zokulawula ukucwaningwa kwamabhuku, abasebenzi (abacwani kanye nabasebenzi basehhovisi), amakomidi ezokucwaninga, amakomidi acwaninga ngengcuphe kanye nendawo yokusebenzela eminyangweni yonke.

EzeNgcuphe nokweLuleka

EzeNgcuphe nokweLuleka uphiko oluncane ngaphansi kohlelo lwezokuCwaninga amabhuku kwangaPhakathi. Lolu phiko lubhekelele ukusiza iminyango kahulumeni esifundazweni, izikhungo zikahulumeni kanye nomasipala ekuphatheni ingcuphe kanye nezokubusa.

Ngonyakamali wezi 2017/18, uhlelo lokulawula ingcuphe lwalolu phiko belugxile eminyangweni yesifundazwe kanti ukulekelela izikhungo zikahulumeni kanye nomasipala bekukancane, ngenxa yezinselelo zezezimali nabasebenzi. Ngowezi 2018/19, kuzoqhubeka ukuhlinzekwa kosizo lokulawula ingcuphe luzoqhubeka eminyangweni kahulumeni, kanti luzonikezelwa nakomasipala.

Uhlaka lwesiFundazwe lokuLawula iNgcuphe (i-Provincial Risk Management Framework) uzoqaliswa ukusebenza kuyo yonke iminyango kunyakamali wezi 2018/19. Lolu hlaka luqethe amaZinga aPhansi okuLawula iNgcuphe (i-Minimum Risk Management Standards) okumele alandelwe iminyango yonke ukuthuthukisa izindlela zokulawula ingcuphe kanye nezimo zokusebenzela ngaphansi kwazo. Ngonyakamali wezi 2017/18, iminyango kahulumeni iqophe ukuthi kwenyuke kancane izinga lokulawula ingcuphe nokulungisa izindlela zokuvimbela zangaphakathi. Kulindeleke ukuthi uhlaka

olubuyekeziwe lwesiFundazwe lokuLawula iNgcuphe lwenze kube nemiphumela engcono ekuthuthukiseni amazanga okulawulwa kwengcuphe nokulungisa izindlela zokulawula zangaphakathi eminyangweni yesifundazwe.

Uphiko luzosiza iminyango ukuqinisa uhla lwengcuphe kuyo ngokuqala uhlelo oluyisipesheli lokuhlonza ingcuphe efana ne-Occupational Health Safety, Information Technology, Fraud and Business Continuity Risk Assessments. Phezu kwalokho, kuzobhekwa kakhulu ama-clinical services kowezeMpilo. Lo msebenzi obalulekile uzobheka ukuthi ngabe ingcuphe kwezokuphathwa kule ndawo yomsebenzi ihlonziwe futhi yabhekelelwa yini.

Ngokusebenzisa uphiko lwethu olubhekelela iNgcuphe nokuLuleka, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uzolula isandla weseke labo omasipala abantengayo kwezokuphathwa, okubalwa kukho ngisho okulawulwa kwengcuphe njengokusho kwemiphumela yomcwaningo lukaMcwaningimabhuku. Lezi zikhungo zomasipala ezithintekayo kuzofanele zikhokhele izindleko lapho usizo lutholakele kusetshenziswa abeluleki.

Ezokuphenya

Uphiko lwezokuPhenya luhlala luthola izinsolo ezenziwa ngezikhungo zikahulumeni, iminyango yesifundazwe kanye nezimbalwa ezibhekiswe kwizikhungo zikahulumeni. Iningi lalezi zinsolo ezitholakalayo bese ziyaphenywa zinzima futhi azixazululeki kalula. Lolu phiko seluthole seluthole izinsolo zokukhwabanisa nenkohlakalo, usetshenziswa kwemali ngendlela engafanele nokungahambisi ngendlela uma kwenziwa umsebenzi ezifinyelela kwizi **R7.3 billion**, kusukela ngowezi 2009 kuze kube manje. Cishe ezingama 70% zalezi zinsolo seziphenyiwe kwaqedwa. Lezo ezazidinga kube nophenyo lwamaphoyisa zadluliselwa ezinhlakeni zezomthetho ukuthi kuqhutshekwe nophenyo kanti izinsolo zenkohlakalo nokukhwabanisa ezibikiwe ezingama 30% ezisasele ziyaphenywa.

Lolu phenyo lubiza imali enkulu, nokudala ingcindezi enkulu yezimali kulolu phiko nasemnyangweni. Lokhu kwenza kunqunywe ngonyakawezimali owedlule ukuthi izikhungo zomasipala kanye nezikhungo zikahulumeni zizikhokhele uma kwenziwa uphenyo, ukuqondiswa kwezigwegwe kanye nophenyo lobugebengu. Kepha uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uzoqhubeka nokulekelela lapho kungenzeka khona, kodwa uyohlala ubeka phambili uphenyo olwenziwa eminyangweni kahulumeni.

Lolu phiko luqapha ukuthi ziyenziwa yini izincomo eziqukethwe umbiko wophenyo mayelana nezinsolo zobugebengu, ukuqondiswa kwezigwegwe kanye namanye amacala. Ngomsebenzi owenziwe ngonyakamali wezi 2017/18, kwatholakala amagunya

enkantolo (*preservation orders*) alinganiselwa kwizi R543 million kanti sisathemba ukuthi ukuthi kusazotholakala amanye futhi kunyakamali wezi 2018/19.

Uphiko luzama ngazindlela zonke ukwehlisa ingcindezi yezimali ngokusebenzisa abasebenzi abaqashwe ngokwenkontileka kunokusebenzisa abeluleki (consultants). Inkinga ebhekene nalolu phiko ukuthola abantu abanekhono nobuhlakani obufanele njengoba isikhathi esigunyaziwe salezi zinkontileka kuyizinyaga eziyi 12.

Uphiko lwezokuphenya luzibophezele ekulwisaneni nokukhwabanisa kanye nenkohlakalo kanti luyilunga lethimba elilwa nenkohlakalo, luphinde lusebenzisane nezinye izinhloko zokugcina umthetho ezifana noPhiko lezokuShushisa kuZwelonke (National Prosecuting Authority), amaphoyisa (SAPS), noPhiko lezokuDliwa kweMpahla emacaleni aphenywayo aphathelene nenkohlakalo. Lezi zinhloko zihlangana njalo ukuqapha uphenyo lwamacala obugebengu nokushushiswa kwamacala abekwe eqhulwini ohlwini lwamacala esifundazweni, nokuholela ekutheni kube nababoshwayo.

Uhlelo 5: UkuPhathwa kweziMali zoMasipala – izi R63.709 million (inyukile isuka kwizi R57.181 million kowezi 2017/18)

Uhlelo 5 lwasungulwa ngowezi 2018/19 ngokubuka uhloko lwayo yonke imiNyango yezokuGcinwa kwaMafa, okwenza indawo yokuhlinzeka uhloko oluhlangene loPhiko lwezokuPhathwa kweziMali zoMasipala. Lolu hloko olusha luzohlinzeka usizo olubhekene ngqo nomasipala abahlonziwe.

Lolu hloko luzonikeza usizo lwezobungoti komasipala abangaphansi kwengcindezi yezezimali, ukuze kulungiswe imibiko yokucwaningwa kwamabhuku abo kanye nezinhlelo zokulungiselela izabelomali zabo. Uhlelo lokuPhathwa kweziMali zoMasipala lunezinhlelo ezine ngaphansi kwalo, ezokuLekelela, iSabelomali soMasipala, ezokuBika koMasipala, kanye noHlelo lokuLekelela koMasipala. Lezi zinhlelo zizogxila kumaphuzo abalulekile kazwelonke ayisi 6, okubalwa kuwo:

- Izabelomali nokubika
- Ukuphathwa kwezinto
- Ukucwaningwa kwamabhuku
- Ukwelekelelwa ngo-mSCOA
- Ukuphathwa kwengeniso mali
- Uhlelo lokuthenga impahla nemisebenzi kahulumeni

Uhlelo oluncane lweZabelomali zoMasipala luzoqhubeka nokuhlinzeka ngosizo lobungoti komasipala uma sebelungiselela izabelomali kanye nezabelo ezibuyekeziwe zaminyakayonke nokuthi kukhishwe imibiko kulandelwa imigudu efanelekile.

Izindlela zokuBika ngaphansi koHlelo 3 belulekelela omasipala ekuphathweni kwezinto zomasipala, ukubala kanye nohlelo lwe mSCOA. Le misebenzi izofakwa ngaphansi kohlelo oluncane iMunicipal Accounting and Reporting uma sekukhona konke okudingakalayo ukwenza lo msebenzi.

UPhiko lokweSeka oMasipala (Municipal Support Programme) luzibophezele ekulekeleleni ngosizo lobungoti komasipala ababhekene nezinsalelo, bese lusiza omasipala ekuhlonzeni izindlela zokwenza ngcono ukuhlinzeka kwezidingo. Lolu phiko lweMSP luphinde lulekelele omasipala ukuthi basebenze njengokulawulwa umthetho, futhi lube luqeqesha abasebenzi ngesikhathi kuqaliswa lezi zinhlelo. Lezi zinhlelo zibala usizo kwezokuqoqwa kwentela nokuphathwa kwezibonelelo. Sekuzofakwa uhlelo lokulawulwa kwengeniso mali.

UPhiko lokweSeka oMasipala ekuPhatheni iziMali (Municipal Finance Management Programme) luyaqhubeka nokulekelela omasipala ukwenza ngcono ekuphatheni izimali. Kepha impumelelo nokuqhubekela phambili kwalezi zinhlelo kuzoba khona uma ubuholi bezepolitiki kanye nobezabasebenzi komasibala kuhambisana nazo. Omasipala kumele baluthathe lolu hlelo lokkwesekwa balwenze olwabo bese beziqeqeshela abasebenzi ngaphakathi ukuze bakwazi ukuziphathela izimali ngendlela, bese kuthi ekugcineni bathuthukise ukuhlinzekwa kwezidingo.

ISIPHETHO

Ngifisa ukuphinda ngizwakalise ukubonga kwami kwiNhloko yoMnyango kanye nabasebenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa, kanjalo nabasebenzi beHhovisi lami, ngokuzikhandla ukwenza umsebenzi omuhle nokuzinikela kwabo.

Ngiyethemba ukuthi ngingathembela kuMalunga aHloniphekile ale Ndlu ukuthi aseke isabelomali sowezi 2018/19 esiyizi R650.900 million sika Voti 6, ngokwezinhlelo nalokho okumele kwenziwe uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni okuvezwe kulo mbiko.

Kuyintokozo kimi ukwethula lesi sabelomali ukuba sidingidwe yile Ndlu.

Siyabonga.